(4) Umkhandlu wasekhaya kufanele ubheke, uphothule futhi uthumele isinqumo sawo sesicelo sesitifiketi esisha sokuphepha kwenkundla yezemidlalo noma senkundla yokudlalela kumnikazi wenkundla yezemidlalo noma wenkundla yokudlalela, kanye nombandela ohambisana nokugunyazwa kwesicelo kanye nokukhishwa kwesitifiketi, obhaliwe, zingakapheli izinsuku ezingama-30 ngemuva kokwamukelwa kwaleso sicelo.

(5) Isitifiketi esikhona sokuphepha kwenkundla yezemidlalo noma yokudlalela kanye nesitifiketi sezinga kufanele zikhishwe zibhalwe ngendlela ebekwe Isijobelelo sesi-2.

(6) Uma umkhandlu wendawo uchitha isicelo sesitifiketi sokuphepha kwenkundla yezemidlalo noma kwenkundla yokudlalela kanye nesitifiketi sezinga, kufanele ngokuphazima kweso wazise umnikazi wenkundla yezemidlalo noma wenkundla yokudlalela ngencwadi mayelana nesinqumo nezizathu ezihambisana naleso sonqumo.

Izitifiketi zezinga lokuphepha komcimbi onobungozi kakhulu

3. (1) Umnikazi wenkundla yezemidlalo noma wenkundla yokudlalela, noma omunye wabo, ofisa ukubamba imicimbi enobungozi kakhulu enkundleni yakhe yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela, kufanele, njengengxenye yesicelo sakho noma yesicelo sayo sesitifiketi sokuphepha kwenkundla yezemidlalo esebenzayo noma kwenkundla yokudlalela, afake isicelo, esibhaliwe, kunjiniyela wedolobha sesitifiketi sezinga lomcimbi onobungozi kakhulu, kuleyo nkundla yezemidlalo noma yokudlalela evezwe esigabeni sesi-8(1) nesesi-(4) soMthetho nalezi zimiso zomthetho.

(2) Indlela efanele yokubhalele unjineyela wedolobha isicelo esivezwe ezimisweni zomtheshwana woku-(1) inikezwe ngesiJobelelo soku-1 kulezi zimiso zomthetho.

(3) Unjiniyela wedolobha, obheka ukuthi ngabe inkundla yezemidlalo noma yokudlalela ingakhishelwa yini isitifiketi sezinga lomcimbi onobungozi kakhulu njengoba kuveziwe esigabeni sesi-8(4) soMthetho—

- (a) kufanele athumele ikhophi yesicelo yesitifiketi senkundla yezemidlalo noma senkundla yokudlalela nesezinga lomdlalo onobungozi kakhulu elungini eligunyaziwe noma koqondene nezokuphepha nokuvikeleka, ngendlela efanele, ukuze kutholwe imvume ebhaliwe nosizo ngaleso sicelo;
- (b) kufanele axoxisane nelungu eligunyaziwe nomunye oqondene nezokuphepha nokuvikeleka, ngendlela efanele, mayelana nemibandela efanele noma nomyalelo afisa ukuwubandakanya esitifiketini senkundla yezemidlalo esebenzayo noma senkundla yezemidlalo nesitifiketi sezinga lomdlalo onobungozi kakhulu; futhi

- (c) angabhala izimfanelo noma imiyalelo, okufanele kulandelwe umnikazi wenkundla yezemidlalo noma wenkundla yokudlalela esikhathini esinqunyiwe, noma esikhathini esengeziwe esinganikezwa lowo mnikazi ngencwadi, njengombandela ohambisana nokugunyazwa kanye nokukhishwa kwesitifiketi sokuphepha kwenkundla yezemidlalo noma kwenkundla yokudlalela lanye nesitifiketi sezinga emcimbini onobungozi kakhulu.

(4) Unjiniyela wedolobha, ngokuxhumana nelungu eligunyaziwe, angabhala isaziso, acele ofake isicelo sokuphepha kwenkundla yezemidlalo esebenzayo noma senkundla yokudlalela kanye nesitifiketi sezinga lomcimbi onobungozi kakhulu ukuba asithumele, esikhathini esibekiwe, angasibeka esazisweni, naleyo mininingwane abona ukuthi iyadingeka ukuze kunqunywe imigomo nemibandela engafakwa esitifiketini sezinga emcimbini onobungozi kakhulu.

(5) Uma ofaka isicelo sesitifiketi sokuphepha kwenkundla yezemidlalo noma senkundla yokudlalela nesitifiketi sezinga emcimbini onobungozi ehluleka ukulandela izimfanelo ezibhaliwe noma umyalelo ovezwe ezimisweni zomtheshwana wesi-(3) (c), esikhathini esivezwe esazisweni unjiniyela wedolobha, noma esikhathini esibekiwe ngesaziso unjiniyela wedolobha, noma esikhathini esengeziwe angasinquma ngencwadi, ofake isicelo kufanele kuthathwe ngokuthi isicelo sakhe sihoxisiwe futhi uzobophezeleka ukuba afake isicelo esisha.

(6) Unjiniyela wedolobha kufanele, ngemuva kwezinsuku ezingama-30 amukele isicelo esivezwe esigabeni sesi-8 soMthetho futhi nakulezi zimiso zomthetho noma esikhathini esengeziwe esivezwe kulezi zimiso zomthetho ukuhlangabezana nemibandela yokugunyaza noma yesitifiketi sezinga emdlalweni onobungozi kakhulu, azise ofake isicelo ngencwadi mayelana:

- (a) nokuthi ngabe isicelo saleso sitifiketi sigunyaziwe noma sichithiwe; kanye
- (b) nemigomo nemibandela ehambisana nokukhishwa kwaleso sitifiketi.

(7) Indlela efanele yeomkhandlu wasekhaya yokukhipha izitifiketi njengoba kuveziwe eMthethweni nakulezi zimiso zomthetho kubekiwe Esijobelelweni sesi-2 salezi zimiso zomthetho.

Izimfanelo zokukhipha isitifiketi sokuphepha kwenkundla yezemidlalo esebenzayo noma kwenkundla yokudlalela nesitifiketi sezinga

4. (1) Isitifiketi sokuphepha kwenkundla yezemidlalo esebenzayo noma kwenkundla yokudlalela nesitifiketi sezinga ngeke sikhishwe ngaphandle uma umnikazi wenkundla yezemidlalo noma inkundla yokudlalela enalezi zitifiketi zokuphepha ezikhishelwe inkundla yezemidlalo noma yokudlalela:

- (a) Isitifiketi esisebenzayo esikhishwe umuntu obhalisiwe futhi onolwazi lomsebenzi wezakhiwo zomphakathi nezakhiwo zezinkundla zezemidlalo noma zezinkundla zokudlalela, eziqinisekisa:
 - (i) ubuqotho besakhiwo esingasuku noma seskhashana enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela, kubandakanya nezakhiwo zesikhashana; futhi
 - (ii) irejista ebhalwe ukuhlolwa ezinyangeni eziyisithupha okuphoqelekile okwenziwa umuntu obhalisiwe kukho konke okuthinta isakhiwo senkundla yezemidlalo noma inkundla yokudlalela kumi ngomumo;
- (b) Isakhiwo nohlelo olugcwele lwenkundla yezemidlalo noma lwenkundla yokudlalela, kubandakanya izingxenye eziphambanayo enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela;
- (c) Isitifiketi esisebenzayo sokuphepha emlilweni nokulandela ukufakwa kwezinsiza zomlilo enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela, esikhishwe ebezicishamlilo emkhandlwini wendawo;
- (d) Isitifiketi esisebenzayo sokuphepha kukagesi enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela, esikhishwe ngemuva kokuxoxisana

nomkhandlu wendawo, sikhishwa umuntu obhalisile onolwazi ngogesi ezinkundleni zezemidlalo nasezinkundleni zokudlalela;

- (e) Uhlelo lokuqala olubhaliwe lwezesimo esibucayi nokusingathwa kwenhlekelele enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela oluhlanganiswe umuntu onolwazi kulo msebenzi futhi onolwazi emsebenzini wezokuphepha nokuvikeleka komphakathi futhi onolwazi lokusingathwa kwenhlekelele;
- (f) Isitifiketi esisebenzayo sokuphepha kokufakelwa kwezokuphepha nokuvikelek (esingabandakanya okuqondiswe ezinhlelweni zomphakathi, izinhlelo zamakhamera, izinhlelo zokuphuma ezizisebenzela ngokwazo, izindawo ezibiyelwe ngothango umkhandlwini wendawo okugunyazwe nezakhiwo eziqinile ezilawula ukungena namazinga okukhanya) enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela, okukhishwe ebezokucishwa komlilo nomnyango osingethe inhlekelele emkhandlwini wendawo;
- (g) Isitifiketi esisebenzayo sokulandelwa kohlelo lwemekhenikhali esikhishwe umuntu obhalisile saleyo nkundla yezemidlalo noma yokudlalela;
- (h) Lapho umkhandlu wendawo ugunyazwa umthetho ukuba wenze lokho, kudingeka isitifiketi esisebenzayo sokulandelwa kwezempilo nokuphepha esikhishwe umnyango wezempilo nezokuphepha emkhandlwini wendawo kuleyo nkundla yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela;
- (i) Ikhophi yesitifiketi esisebenzayo sokulandelwa kwezokuphepha kwegesi senkundla yezemidlalo noma senkundla yokudlalela esikhishwe ebezokucishwa komlilo emkhandlwini wendawo;
- (j) Isitifiketi esisebenzayo esikhishwe umnyango wezempilo emkhandlwini wendawo, mayelana nenkundla yezemidlalo noma nenkundla yokudlalela, esihambisana nakho konke okusemqoka mayelana—

- (i) nokudla;
- (ii) ukusingathwa kwenkunkuma; kanye
- (iii) namanzi nezempilo;

okusebenzayo ngokomthetho wenkundla yezemidlalo noma yokudlalela;

- (k) Ikhophi lesitifiketi esisebenzayo sokulandelwa kokuvikelwa kwendawo esikhishwe umnyango wezempilo endaweni emkhandlwini wendawo;
- (l) Ikhophi uma ikhona, yesitifiketi esisebenzayo esikhishwe umkhandlu wendawo sokusebenza noma sokuqhuba ibhizinisi;
- (m) Isitifiketi esisebenzayo esikhishwe umkhandlu wendawo, ngemuva kokuxoxisana nomuntu obhalisile onolwazi ngezakhiwo, nohlelo lwendawo ezinkundleni zemidlalo noma ezinkundleni zokudlalela, esiqinisekisa —
 - (i) Ukuphepha kwababukeli nabo bonke abantu, kubandakanya, izisebenzi zasenkundleni yezemidlalo noma zenkundla yokudlalela emicimbini enobungozi, enobungozi kakhudlwana nenobungozi kakhulu;
 - (ii) intuba yokuphuma kwezithameli ngesimo esiphuthumayo enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela; kanye
 - (iii) ukulandela lezi zimiso zomthetho, uhlelo olunqunyiwe-
 - (aa) isikhathi esigcwele sesimo esibucayi sokuphuma kwezithameli enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela yomkhandlu wendawo osingethe inhlekelele

izindawo okuhlanganyelwa kuzona ngesikhathi sesimo esiphuthumayo noma izindawo ezingaphandle kwenkundla yezemidlalo noma kwenkundla yokudlalela; kanye

- (bb) isikhathi sokuphuma enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela somkhandlu wendawo esiphuma kumnyango wezenhlekelele ezindaweni eziqokiwe eziphephile noma ezindaweni ezingaphakathi kwenkundla yezemidlalo noma kwenkundla yokudlalela

enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela.

(2) Ukunqunywa komthamo wezethameli ophephile enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela njengoba kuveziwe ezimisweni zomtheshwana zoku-(1)(m)(i) , mayelana nokunqunywa komthamo ophephile kuleyo nkundla yezemidlalo, kufanele kususelwe—

- (a) ekunikezeleni umbukeli ngamunye inombolo yesihlalo sakhe noma isihlalo endaweni ethile yokuhlala, kubandakanya indawo yokuhlala ebekiwe engahleliwe noma indawo yokuhlala yesikhashana esendaweni eklanywe ngotshani noma efana nayo, lapho leyo ndawo noma leyo ndawo yokuhlala yesikhashana esotshanini noma endaweni efana nayo enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela ebekelwe ukubamba imicimbi enobungozi kancane, enengozi kakhudlwana;
- (b) ekwabiweni kwegumbi lokuma lapho kumiwa khona, emphemeni wezibukeli noma endaweni evulekile yokubukela, lapho leli gumbi lokuma livunyelwe khona ngokwemigomo yalezi zimiso zomthetho ezisebenza enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela;
- (c) ukwabiwa kwegumbi lokuma ezindaweni kuphela enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela noma ebaleni elivulekile laphansi enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela; kanye

(d) nomthamo wezokuphepha enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela.

Inqubo yokuthola isitifiketi sokuphepha senkundla yezemidlalo noma senkundla yokudlalela nesitifiketi sezinga

5. (1) Umnikazi wenkundla yezemidlalo noma wenkundla yokudlalela kufanele okungenani aqinisekise izimfanelo zokuphepha nokuvikeleka kwengqalasizinda yezethameli nenqubo ebekwe kulezi zimiso zomthetho, kubandakanya endawo yokungena eyanele futhi ephephile kanye nezinsiza ezanele zabantu abakhubazekile, zime ngomumo enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela mayelana nesicelo esivezwe esigabeni sesi-8 soMthetho.

(2) Isakhiwo simile enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela kufanele sibe nendawo eyanele, ekhanyayo, engaphazamisekile futhi evuleke ngokwanele:

- (a) yendlela eyakhiwe ngamapulangwe ebanzi nge-1200mm;
- (b) izindawo ezijikelezayo ezibanzi nge-1200mm; kanye
- (c) nezindlela zokuhamba ezibanzi nge-1200mm,

sekundawonye kubizwa ngemihubhe yezokuphepha, enezimpawu njengoba kuveziwe kulezi zimiso zomthetho ukuze abantu bahambe ngokuphepha ngaphakathi enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela.

(3) Inkundla yezemidlalo noma inkundla yokudlalela kufanele kukwazi -

- (a) ukuphunywa kuyona emizuzwini eyi-15 noma esikhathini esingaphansi kwalesi esinqunywe sabhalwa phansi umkhandlu wendawo ngesikhathi sokuqala okwacelwa ngaso ukuba kuphunywe; futhi

- (b) ukuphumela ezindaweni zesimo esiphuthumayo ngaphakathi enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela okuvezwe kulezi zimiso zomthetho, kwenziwe ingakapheli imizuzu eyi-10 noma isikhathi esingaphansi kwaleso eisenqunywe sabhalwa phansi umkhandlu wendawo wendawo ngesikhathi sokuqala okwacelwa ngaso ukuba kuphunywe.

(4) Inkundla yezemidlalo noma inkundla yokudlalela, ngokulandela izimfanelo zezempilo ezivezwe iThebula lesi-7 se-SANS amazing okwakha 10400, kufanele ibe nenombolo eyanele yezindawo zokugeza ubulili bobubuli ezokwazi ukusetshenziswa izethameli nabo bonke abantu abasemcimbini, kubandakanya abasebenza enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela.

(5) Inkundla yezemidlalo noma inkundla yokudlalela kufanele nezindawo zokulahla udoti ezanele ezimi ngomumo, ezingakwazi ukumumatha udoti wezithameli eizningi, kubandakanya nezisemagcekeni enkundla yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela.

(6) Inkundla yezemidlalo noma yokudlalela lapho kuzotholakala khona ukudla neziphuzo noma lapho kuzodayiswa khona ngokusemthethweni kufanele kenziwe ngezinsuku zomcimbi ezindaweni zokuma zesikhashana, kufanele kube nezindawo zokuma ezizungeze inkundla yezemidlalo noma yokudlalela, futhi ukugunyazwa nokumiswa kwazi kufanele kubhalwe phansi ngabomnyango wezicishamlilo naokusingathwa kwenhlekelele emkahndlwini wendawo ngokuxoxisana nomnikazi wenkundla yezemidlalo noma wenkundla yokudlalela.

(7) Inkundla yezemidlalo noma inkundla yokudlalela ibe nezindawo zesikhashana noma ezihlala zikhona ezanele ukuze izezithameli zithole amanzi, okungezona lezo ezitholakala lapho izethameli zingageza khona, zisabalale enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela ukuze zisetshenziswe umphakathi ngezinsuku zomcimbi, inani nalapho zitholakala khona kufanele kumiswe umnikazi wenkundla yezemidlalo noma wenkundla yokudlalela ngokuxoxisana neminyango yomkhandlu wendawo wezempilo nokusingathwa kwenhlekelele.

(8) Enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela kufanele kube nezinsiza ezanele zokucisha umlilo, izixwayiso zomlilo, nezinhlelo zama-alamu omlilo, njengoba kuchaziwe ngokwemigomo yomthetho osebenzayo eRiphabhuliki.

(9) Inkundla yezemidlalo noma inkundla yokudlalela kufanele nezithombe ezinemininingwane ezanele, ezibonakalayo futhi ezikhanyayo nezimpawu zesimo esiphuthumayo, ezifanele ngokomthetho waseRiphabhuliki enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela yonkana nasemagcekeni okufanele zibe nalezi zimfanelo ezilandelayo:

- (a) Izimpawu kufanele zibekwe ngokucacile, lapho kungena khona izethameli nalapho kungena khona izimoto, lapho kuphuma khona izethameli nalapho kuphuma khona izimoto enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela nasemagcekeni ayo, futhi kube ilezi zimpawu ezilandelayo futhi kulandelwe okunqunywe ngamaZinga aseNingizumu Afrika kaZwelonke (SANS 1186):
 - (i) uhlelo lwesakhiwo samagceke enkundla yezemidlalo nenkundla yokudlalela;
 - (ii) imininingwane yezintuba zokuphuma uma kunesimo esiphuthumayo;
 - (iii) imithetho okufanele ilandelwe izethameli enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela;
 - (iv) uhlu lwezinto ezingavumelekile;
 - (v) izimpawu ezinemininingwane yendlela;
 - (vi) izinkomba zezihlalo zezethameli nendlela okufanele kuhlalwe ngayo;
 - (vii) izimpawu ezixwayisa ngomlilo;
 - (viii) usizo lwezempilo nezimpawu zosizo;
 - (ix) izimpawu zezindawo zokubhemela nezindawo lapho kungavunyelwe ukubhema khona; kanye
 - (x) nezimpawu zokupaka izimoto;

- (b) Zonke izimpawu ezibonisa indlela ngaphakathi nangaphandle kwenkundla yezemidlalo noma kwenkundla yokudlalela kufanele kubhalwe ngendlela eyamukelekile emhlabeni jikelele;
- (c) Izimpawu ezaziwayo futhi ezigqamile ezilawula izethemeli —
 - (i) ngezindlu zangasese;
 - (ii) izindawo ezidayisayo;
 - (iii) izindawo zokuphuma; kanye
 - (iv) nolunye usizo oluhlinzekelwa izethameli;

(10) Inkundla yezemidlalo noma inkundla yokudlalela kufanele ibe negumbi lesikhashana noma elakhiwe lokuxoxisana nomphakathi nezipikha zime ngomumo enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela okuzothi uma zisetshenziswa, zizwakale enkundleni yezemidlalo yonkana noma enkundleni yokudlalela nasemagcekeni ngesikhathi somcimbi.

(11) Inkundla yezemidlalo noma inkundla yokudlalela kufanele nezindawo zokungena eziphephile, indawo yokuhlala nosizo, okugunyazwe umkhandlu wendawo, okuhlezi kumi ngomumo ukuze kusetshenziswe izethameli eizkhubazekile emcimbinini okufanele kuhlinzekele —

- (a) indawo ephakeme noma isiteji esobonakala ngokusobala (kubalwa nendawo yokuhlala izethameli ezihamba ngezihlalo);
- (b) ukufinyelela kugesi kwabahamba ngezihlalo ezisebenza ngogesi;
- (c) izinsiza zokugeza nolunye usizo ezindaweni eziphakeme noma eziteji zokubukela kwabantu abakhubazekile;
- (d) indawo elungele ukungena nokuphuma enkundleni yokudlalela noma enkundleni yezemidlalo nasemagcekeni azo, kubalwa namasango okunegna nokuphuma abahamba ngezihlalo enkundleni yezemidlalo

noma enkundleni yokudlalela nasezindaweni okubukelwa kuzona zabantu abakhubazekile;

- (e) izindawo zabantu abakhubazekile zokubukela abakwazi ukubona kuzona ngendlela efanayo nalabo abangakhubazekile abasenkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela;
- (f) abantu abahamba ngezihlalo bakwazi ukungena enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela kuzona zonke izindawo lapho kungena khona umphakathi, kubandakanya abangama-VVIP, VIP, abezindaba, abezokusakaza nabadlali nezindawo zabo zokubukela, ngaphandle kokuba baphazamiseke noma kuphazamiseke izethameli ezijwayelekile;
- (g) izethameli ezikhubazekile zingahlaliswa endaweni esenkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela lapho zingeke zikwazi khona ukusuka kuzona ngokushesha okungabangela ingozi kuzona nakweiznye izethameli ezisemcimbini uma kuensimo esiphuthumayo noma uma kufanele kuphume ingxenye ethile noma bonke abantu enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela;
- (h) indawo ephakeme noma iziteji zokubuka zabantu abakhubazekile zibekwe ngendlela ezozivikela;
- (i) indawo ephakeme noma iziteji zokubuka zabantu abakhubazekile akufanele—
 - (i) zibekwe lapho zizophazanyiswa abantu abangakhubazekile abayizethemeli bagxumele kuzona; futhi
 - (ii) ziphazamise izethemali zingaboni;
- (j) amazing amukelekile afanele ngokomthetho osebenzayo futhi nangophawu lokwakha lwe-SANS kubantu akakhubazekile abangabonikahle futhi abangezwa kahle; futhi

- (k) umnikazi wenkundla yezemidlalo noma wenkundla yokudlalela axhumane nabathile ukuze kuqikelelwe ukuthi imibandela ehambisana nabantu abakhubazekile eMthethweni nakulezi zimiso zomthetho kuyalandelwa.

(12) Inkundla yezemidlalo noma inkundla yokudlalela emagcekeni ayo ngaphandle noma emagcekeni ayo, ibe nezindawo zokuhlangana ngesimo esiphuthumayo ezinkulu ngokwanele, ngokuhambisana nomthamo wezokuphepha ovumelekile enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela, lezo zindawo okufanele —

- (a) wonke umuntu afinyelele kalula kuzona,, kubandakanya abantu abakhubazekile;
- (b) zibe neleveli efanele;
- (c) zikhanye; futhi
- (d) ziklanywe ngezimpawu ezisobala.

(13) Inkundla yezemidlalo noma yokudlalela nendawo eyanele yesikhashana noma eyakhewe futhi eklanywe ngokucacile yakhelwa abangaphuzi ezindaweni zokubuka izithemeli ezisenkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela ebekwe eceleni futhi yaklanywa ukuba isetshenziswe imindeneni noma izingane emcimbini.

(14) Kufanele umnikazi wenkundla eyzemidlalo noma wenkundla yokudlalela aqikelele ukuthi zonke izingxenye zenkundla yezemidlalo noma zenkundla yokudlalela, ezindaweni zokungena, ezindaweni zokuphuma, izindlela ezakhiwe ngamapulangwe, izindlela zokuhamba, izicabha, izintuba zokuphuma nazo zonke izindawo zomphakathi nalezo okungangenwa kuzona noma ubani namagumbi kulandela umthetho namazinga kazwelonke ezokuphepha, futhi kubandakanya —

- (a) imihumbe yomphakathi, izitebhisi, izindlela zokuhamba nezindlela zokuhamba ezakhiwe ngamapulangwe, kubekwa izimpawu ngokusobala futhi kuyaklanywa;
- (b) zonke izicabha zesimo esiphuthumayo namasango, okufanele zibekwe izimpawu futhi ziklanywe; kanye
- (c) nazo zonke izicabha zokuphuma namasango, kubandakanya nezicabha zesimo esiphuthumayo kufanele kuvuleke kuye ngaphandle kungabi ngasohlangothini lomuntu ovulayo.

(15) Kufanele umnikazi wenkundla yezemidlalo noma umnikazi wenkundla yokudlalela aqikelele ukuthi indawo yezitezi esenkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela ihambisana nalezi zimfanelo ezilandelayo:

- (a) Ububanzi bokunyuka kwezitezi kufanele kulingane nobude bazo;
- (b) Isilinganiso sobubanzi bezitezi kufanele bube-1200mm;
- (c) Ukuphakama kwezitebhisi kufanele kulingane nobude nobubanzi bobude bezitebhisi ngasinye;
- (d) Ezinkundleni zemidlalo ezisebenzayo noma ezinkundleni zokudlalela, zonke izitebhisi kufanele nezindawo zokubambeleva ezingama-850 mm ubude ukuya phezulu; futhi
- (e) Zonke izitebhisi kufanele zibe nezindawo zokudonsa amanzi ezanele.

(16) Inkundla yezemidlalo noma inkundla yokudlalela kufanele ibe negumbi lokwelaphela noma amagumbi okulaphela, inani, isilinganiso, isakhiwo nendawo kufanele kuvunyelwane ngakho, kubhalwe phansi, umnikazi wenkundla yezemidlalo noma umnikazi wenkundla yokudlalela ngokuxoxisana nomkhandlu wendawo.

(17) Inkundla yezemidlalo noma yokudlalela okuzobanjelwa kuyona imicimbi enobungozi kakhulu noma engenabo ubungozi kakhulu kufanele-

- (a) ibe nesikhungo sezempilo nabasebenzi bezempilo abazosiza:—
 - (i) ukuba kungene kalula izimoto zesimo esiphuthumayo;
 - (ii) ngokuvula izicabha nemihubhe ukuba ivuleke ngokwanele ukuze uhlaka oluthwala iziguli, nabahamba ngezihlalo bakwazi ukuhamba
 - (iii) ngokukhanya, ukungena komoya, iziqandisi ezipholisayo, izindawo ezinogesi, amanzi abandayo nashisayo nezindlu zangasese zobulili bonke;
 - (iv) ngokuhlanza kalula phansi nezindonga;
 - (v) amakhabhinethi ekhiyekayo ezingilazi agcina imithi;
 - (vi) indawo noma izindawo eziphakela ngemithi egciniwe;
 - (vii) izingcingo zangaphakathi nezangaphandle; kanye
 - (viii) nezimpawu ezicacile ezilengiswe enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela nasemagcekeni azo eziklame indawo;
- (b) nezinhlelo ezimi ngomumo ezisebenzayo futhi zokusiza uma kunesimo esiphuthumayo okufanele zixhunywe ngokugcwele noma okwesikhashana kujeneretha, ngaphakathi enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela nasemagcekeni ayo okufanele zikwazi —
 - (i) ukuphakela ngogesi izinhlelo ezisemqoka ezisebenzayo nezesimo esiphuthumayo nalapho kuphunywa khona ngesimo esiphuthumayo nengqalasizinda yenkundla yezemidlalo noma yenkundla yokudlalela;

- (ii) ukuhlinzekela ngamazinga okukhanya akhishwe i-SANS 10114-2 (amalambu esimo esiphuthumayo) enkundleni yezemidlalo noma yokudlalela; kanye
- (iii) nokuhlinzekela ngogesi okungaphamiseki kulezi zindawo noma kulezi zinhlelo zenkundla yezemidlalo noma yokudlalela, okungenani isikhathi esingamahora amane ngemuva kokuhamba kwagesi:
 - (aa) i-VOC;
 - (bb) umbhobho wokukhuluma nabantu noma izipikha zasenkundleni yezemidlalo;
 - (cc) imihubhe yokuhamba izethameli eyakhiwe ngamapulangwe, izindawo ezizungezayo, izindawo zokuhamba, izitebhisi, amakheshi, izitebhisi ezihambayo, izintuba zokuphuma nezintuba zokuphuma ngesimo esiphuthumayo; kanye
 - (dd) izindawo zokuphuma izethameli neizmoto emagcekeni enkundla yezemidlalo noma enkundla yokudlalela;
- (c) ibe nesikali esikhulu (**“Ula”**) esingamabalazwe odonga noma uphawu oluzohola izethameli;
- (d) ibe ne-VOC emi ngomumo, njengoba kuveziwe esigabeni se-17 soMthetho nezimiso zomthetho;
- (e) ibe nezikhungo zezempilo nabasebenzi bezempilo babo bonke abantu abangaphathi enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela njengoba kuvezwe eMthethweni, i-*Health Act* nezimiso zomthetho;

- (f) nohlelo lokubona konke okuqhubeka enkundleni, kubandakanya omabonakude abarikhodayo, okufanele bame ngomumo futhi ngokulandela izimfanelo ezilandelayo:
- (i) Amakhamera afakiwe (akwazi ukuveza eduze nakude, angakhanyisi kakhulu) kube nekhamera eyodwa azokwazi ukumumatha izethameli eziyinkulungwane eyodwa kanjalo ngendlela ephephile enkundleni yezemidlalo noma yokudlalela;
 - (ii) ukufakelwa kohlelo lwamakhamera okulawula nezinsiza zokuqapha ze-VOC; kanye
 - (iii) namakhamera afakiwe abhekele —
 - (aa) imigudu yezimoto neyabahamba ngezinyawo ukuya enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela kanye nezindawo eziphakela inkundla yezemidlalo noma inkundla yokudlalela ngosizo;
 - (bb) lapho kuseshwa khona izethameli nasezindaweni zokungena;
 - (cc) emasangweni azungezayo enkundla yezemidlalo;
 - (dd) indawo yezethameli enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela; kanye
 - (ee) nezindawo ezisemqoka zezethameli kuwo wonke amazing enkundla yezemidlalo noma yokudlalela;
- (g) nezindawo zokupaka ezanele, futhi eziphephile, kubalwa nezindawo zokupaka abantu abakhubazekile, njengoba kunqunywe, kwabhalwa phansi, umnyango wezokuthutha nemigwaqo womkhandlu wendawo

okufanele kube endaweni eyibanga eliphephile enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela;

- (h) iqikelele ukuthi ihlinzekela ngezindawo zokupaka izethameli ezivezwe ezimisweni zomtheshwana (g) ezihambisana nomthamo ophephile wezethameli enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela njengoba kugunyazwe umkhandlu wendawo futhi kube khona nezithuthi ezizothutha umphakathi ukuya enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela ngalezo zinsuku zomcimbi;
- (i) ibe nezingcingo zomphakathi ezifakwe enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela yonkana okuzokwazi ukufinyelela zonke izethameli kuzona;
- (j) iqikelele ukuthi izingcingo zomphakathi ezivezwe esimisweni somtheshwana (j) zihambisana nokuphepha kwezethameli ezisenkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela njengoba kugunyazwe umkhandlu wendawo okufanele kunqunywe umnikazi wenkundla yezemidlalo noma wenkundla yokudlalela ngokuxoxisana nofakela izingcingo zomphakathi onemvume;
- (k) ncingo lwangaphakathi lokuxhumana, ngendlela efanele —
 - (i) ne-VOC;
 - (ii) namahhovisi abaphathi enkundla yezemidlalo noma enkundla yokudlalela;
 - (iii) igumbi noma indawo yokuxhumana nomphakathi;
 - (iv) amagumbi okugqokela;
 - (v) amahhovisi noma amagumbi abasebenza emcimbini; kanye

(vi) igumbi noma izindawo zabezindaba; kanye

(l) ibe nezindawo zokupaka ezisobala, eziseduze noma eizngaphakathi emagcekeni enkundla yezemidlalo, —

(i) yezimoto zamaphoyisa;

(ii) izinjini zomlilo;

(iii) ama-ambhulensi; kanye

(iv) nezinye izimoto zosizo oluphuthumayo

okufanele zibekwe emzileni osobala, ongenazo izihibe kulezo zimoto zesimo esiphuthumayo ukuya nokuphuma enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela.

(18) Inkundla yezemidlalo lapho kuzobanjwa khona imicimbi enobungozi kakhulu noma enobungozi, ukwengeza izimfanelo ezibekwe ezimisweni zomtheshana wesi-5(3),-

(a) ibe nothango noma nothango lwesikhashana olugunyazwe umkhandlu wendawo, olwakhiwe lwaqina, olumi ngomumo, ukuvikela indawo yokudlala;

(b) iqikelele ukutho uthango oluvezwe endimeni (a) luhlanganisa amasango okuphuma ngesimo esiphuthumayo, lube banzi ngama-1200mm, enkundleni yokudlalela noma endaweni yokuma noma esiteji, leso sakhiwo kufanele sigunyazwe ngencwadi umnyango ongamele izimo izinhlekelele noma abaqhaphi bomlilo emkhandlwini wendawo ngokuxhumana nomuntu obhalisiwe enolwazi lomsebenzi wokuphathelene nokuklama ezomphakathi, izakhiwo nezakhiwo zendawo ezinkundleni zemidlalo noma ezinkundleni zokudlalela;

- (c) ibe nothango oluqinile locingo noma oluwudonga olumi ngomumo, ukuya phezulu olude ngamamitha ama-2.5, okufanele ukwakhiwo kwalo kugunyazwe umkhandlu wendawo, oluzoklama ngaphakathi nangaphandle emagcekeni enkundla yezemidlalo futhi ibe nanani lamasango anele agunyazwe umkhandlu wendawo azokwazi ukuphuma izethemeli enkundleni yezemidlalo nangaphandle kwasenkundleni yezemidlalo;
- (d) iqikelele ukuthi ububanzi buhlangene bamasango okuphuma avezwe endimeni (c) bakhelwe ukumumatha imitha elilodwa elibanzi lezithameli eziyi-1000, kuhambisane nomthamo wezethameli ogunyaziwe futhi ophephile enkundleni yezemidlalo;
- (e) kuqikelelwe, ukuthi esakhiweni sayo, siba —
 - (i) namasango azungezayo okuphuma agunyazwe umnyango ongamele inhlekelele noma abezosizo ngomlilo emkhandlwini wendawo, asatshalaliswe enkundleni yezemidlalo, ngale ndlela:
 - (aa) isango elizungezayo eli-1 lezithameli eziyi-1000 noma lelo nani elinganqunywa, ngokubhalwe phansi, umkhandlu wendawo, kulawo masango ezungezayo aphakeme ukufika esiswini; futhi
 - (bb) kube nesango elizungezayo eli-1 lezithameli ezingama-750 noma lelo nani elingagunyazwa, ngokubhalwa phansi, umkhandlu wendawo, kulawo masango azungezayo aphakeme
 - ngokuhambisana nomthamo ophephile enkundleni yezemidlalo njengoba kugunyazwe umkhandlu wendawo;
 - (ii) uhlelo olusebenza ngogesi lokungena, ukuphuma nokubala, kubandakanya nohlelo olumi ngomumi uma uhlelo olusebenza

ngogesi lungasasebenzi, oluxhunywe ngogesi nemisebenzi esikhungweni senkundla yokudlalela futhi luhambisane nesakhiwo samasango azungezayo, oluzokwamukela ukungena kwezithameli ngendlela ephephile enkundleni yezemidlalo, ngale ndlela -

(aa) abantu abayi-1000 ngehora lapho kunamasango azungezayo amafishane, futhi

(bb) abantu abangama-750 ngehora lapho kunamasango azungezayo amade; futhi

(iii) amasango azungezayo angaphakathi othangweni avezwe ezimisweni zomtheshwana we-18 (c);

(f) ibe nothango olukwazi ukuvalwa, ukuhlukanisa izethameli, eligunyazwe unjiniyela wedolobha ngemuva kokuxoxisana nomnyango ongamele inhlekelele noma abezicishamlilo emkhandlwini wendawo;

(g) ibe nendawo yokuhlala enezinombolo, engenayo indawo yokuma izethameli, endaweni yokuma izethameli futhi ibe noveranda oqinile;

(h) okungenani ibe nevidiyo eyodwa yokudlalwayo "Umabonakude Omkhulu" endaweni yokubuka izethameli okwazi ukubonwa amaphesenti angama-80 ezethameli uma inkundla yezemidlalo igcwele; futhi

(i) ingabi nezindawo zokubukela ezindaweni zokuma izethameli noma koveranda bokubukela.

(19) Inkundla yezemidlalo lapho kuzobanjelwa khona umcimbi onobungozi kakhulu, kufanele -

(a) emagcekeni ayo, ibe neshashalazi lezindiza noma neshashalazi lesikhashana elimi ngomumo elizosetshenziswa ibhanoyi lesimo

CONTINUES ON PAGE 258 - PART 3



Government Gazette Staatskoerant

REPUBLIC OF SOUTH AFRICA
REPUBLIEK VAN SUID AFRIKA

Regulation Gazette

No. 10696

Regulasiekoerant

Vol. 621

3 March
Maart 2017

No. 40661

PART 3 OF 3

N.B. The Government Printing Works will not be held responsible for the quality of "Hard Copies" or "Electronic Files" submitted for publication purposes

ISSN 1682-5843



AIDS HELPLINE: 0800-0123-22 Prevention is the cure

esiphuthumayo, lelo shashalazi kufanele lisungulwe ngokulandela izimfanelo zobuchwepheshe zokwakha amashashalazi esikhashana njengoba kubekiwe i-*Civil Aviation Act, 2009 (Act No. 13 of 2009)* nezimiso zayo zomthetho; futhi

- (b) ingabi nezindawo zokuma izethameli ezindaweni eziwayelelekile zokubuka izethameli enkundleni yezemidlalo.

(20) Inkundla yezemidlalo noma inkundla yokudlalela lapho kuzobanjwa khona umcimbi onobungozi kakhulu:

- (a) ingabi nendawo ephakeme endaweni yezithameli yokubukela engaphezulu kwama-34° ngaphandle uma leyo ndawo ephakeme noma enyukayo igunyaziwe, ngokubhalwe phansi, umkhandlu wendawo ngokubheka enye ingqalasizinda yezokuphepha ekuleyo ndawo yezithameli ukunqanda leyo ndawo ephakeme noma enyikile egunyaziwe;
- (b) kufanele ibe nendawo noma nezindawo eziklanywe ezimi ngomumo —
 - (i) zokubhekana nezimo lapho kulimala khona izinkumbi zezethameli; futhi
 - (ii) nendawo yokugcina izinsiza zezempilo zokuhlukaniswa kweziguli ngesikhathi sesimo esiphuthumayo eMnyangweni noma emkhandlwini wasekhaya.

(21) Inkundla yezemidlalo lapho kuzobanjelwa khona umcimbi ongenabo ubungozi ingaba nezindawo zokuma zezethameli lapho kuma khona izethameli, overanda bokubuka noma izindawo ezivulekile zokubukela enkundleni yezemidlalo, ngokulandela isakhiwo nomthamo wezethameli kulezo zindawo ezigunyezwe ngokubhalwe phansi umkhandlu wendawo.

(22) Umnikazi wenkundla yezemidlalo noma wenkundla yokudlalela egunyazwe ukuba idayisele izethameli utshwala emcimbini kufanele aqikelele ukuthi izinyathelo, kubalwa nezimpawu ezifanele, zimi ngomumo lapho kudayiswa khona utshwala noma lapho kudayiswa khona utshwala okwesikhashana enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela, ezihlukanisa lezo zindawo ezidayisa utshwala nezethameli noma nezindawo zokudayisa, ukuqikelela ukulandelwa komthetho olawula utshwala wesifundazwe noma kazwelonke, kubandakanya ukungathengiselwa izingane utshwala.

(23) Ngaphambi kokuba kukhishwe izitifiketi zokuphepha nezitifiketi zezinga ezivezwe esigabeni sesi-8 soMthetho, inkundla yezemidlalo noma inkundla yokudlalela kufanele ihlolwe abahloli abaqokwe umkhandlu wendawo ngokwemigomo yesigaba se-14 soMthetho.

(24) Umhloli ovezwe ezimisweni zomtheshwana zama-(23) kufanele aqikelele ngokubhalwe phansi umbiko wakhe wokuhlola, ikhophi yawo kufanele inikezwe umnikazi wenkundla yezemidlalo noma wenkundla yokudlalela ngemuva kokuhlolwa, oveza ukuthi umhloli ugculisekile ukuthi inkundla yezemidlalo noma inkundla yokudlalela ihambisana nezimfanelo nenqubo enqunywe ngesigaba sesi-8(2) soMthetho nalezi zimiso zomthetho.

(25) Umbiko wokuhlola ovezwe ezimisweni zomtheshwana zama-(24) ungaba nemiyalelo nemibandela okufanele umnikazi wenkundla yezemidlalo noma wenkundla yokudlalela ayilandele esikhathini esibekiwe, ngaphambili noma ngemuva kokukhishwa kwesitifiketi senkundla yezemidlalo noma senkundla yokudlalela esebenzayo.

(26) Umkhandlu wendawo, ungasebenzisa isaziso esibhaliwe ukucela umnikazi wenkundla yezemidlalo noma wenkundla yokudlalela ukuba awuthumele esikhathini ongasibeka ngesaziso, sibe neminingwane nezinhlelo umkhandlu wendawo obona ukuthi zifanele ukuwusiza ukuthatha isinqumo nokuthi ngabe kufanele yini ugunyaze isicelo sesitifiketi sokuphepha senkundla yezemidlalo noma senkundla yokudlalela kanye nesitifiketi sezinga.

Isitifiketi sokuphepha kwesakhiwo senkundla yezemidlalo noma senkundla yokudlalela

6. (1) Isicelo sesitifiketi sokuphepha kwesakhiwo senkundla yezemidlalo noma senkundla yokudlalela, noma esinye sazo, esifakwe umnikazi wenkundla yezemidlalo noma wenkundla yokudlalela kufanele sithunyelwe kunjinyela wedolobha, ngokubhalwe phansi, ngendlela evezwe ngesiJobelelo sesi-3.

(2) Umkhandlu wendawo ngokulandela ukubheka ukuthi ngabe kufanele ukhiphe isitifiketi sokuphepha kwesakhiwo senkundla yezemidlalo noma senkundla yokudlalela unga —

- (a) thumela ikhophi lesicelo elivezwe ezimisweni zomtheshwana woku-(1) kwabaqondene nezokuphepha nokuvikeleka, ngendlela obona ngayo, ukuze uthole umbono nosizo olubhaliwe mayelana naleso sicelo;
- (b) ungaxhumana nelungu eligunyaziwe nabanye abaqondene nezokuphepha nokuvikeleka, ngendlela efanele, mayelana nemigomo, imibandea noma umyalelo ofanele ongafakwa esitifiketini sokuphepha kwesakhiwo senkundla yezemidlalo noma yokudlalela entsha; futhi
- (c) ubeke izimfanelo eizbhalwe phansi noma imiyalelo, okufanele ilandelwe umnikazi wenkundla yezemidlalo noma wenkundla yokudlalela esikhathini esinqunyiwe, noma esikhathini esengeziwe ongasinika lowo mnikazi ngokubhalwe phansi, ukuba ube umbandela ongumhlahlandlela wokugunyazwa kwesicelo nokukhishwa kwesitifiketi sokuphepha kwesakhiwo senkundla yezemidlalo noma yokudlalela entsha.

(3) Umnikazi wenkundla yezemidlalo noma wenkundla yokudlalela ofaka isicelo sesitifiketi sokuphepha kwesakhiwo senkundla yezemidlalo noma senkundla yokudlalela, ukwengeza ezimfanelweni zobuchwepheshe nenqubo enqunye esigabeni sesi-8(2) soMthetho nezimiso zomthetho zesi-5, kufanele athumele isakhiwo sokuqala esiphelele nohlelo lwesimo lwenkundla yezemidlalo noma lwenkundla yokudlalela ehlongozwayo namagceke ayo, kubandakanya —

- (a) uhlelo olugcwele lwesakhiwo senkundla yezemidlalo noma senkundla yokudlalela, oluhlanganisa izakhiwo zonke zenkundla yezemidlalo noma

zenkundla yokudlalela kanye nesimo senkundla yezemidlalo noma amagceke enkundla yokudlalela, okusungulwe futhi kwahlongozwa umuntu obhalisile onolwazi lomsebenzi wezakhiwo zezinkundla zemidlalo noma zezinkundla zokudlalela;

- (b) indawo yokuma izethameli enayo yonke imininingwane noma uhlelo lwendawo yokuhlala eyakhiwe ngosimende isungulwe ngokulandela amazing asebenzayo kazwelonke, isifundazwe noma izimiso zomthetho zokwakha endaweni;
- (c) enkundleni yezemidlalo ezobamba umcimbi onobungozi kakhulu noma umcimbi onobungozi, kufanele kube nohlelo olunzulu lokuhamba izethameli nothango okufanele kume ngomumo ngaphakathi enkundleni yezemidlalo nasemagcekeni ayo;
- (d) uhlelo olunzulu lwenkundla yezemidlalo noma lwenkundla yokudlalela oluklama —
 - (i) indawo nesakhiwo sazo zonke izindawo zokuphuma uma kunesimo esiphuthumayo namasango anela izethameli eziyi-1000 imitha ngalinye mayelana nomthamo wonke ohlelowe wezithameli ezisenkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela;
 - (ii) ugesi namazi okufakiwe;
 - (iii) izitebhisi namakheshi abantu, isimo esiphuthumayo noma empahla;
 - (iv) ijeneretha ezosebenza ngesimo esiphuthumayo uma ugesi ungasebenzi;
 - (v) izinsizwa ezihogela umlilo nohlelo oluzwa umlilo nezinsiza zokucisha umlilo; kanye
 - (vi) nezimpawu zesimo esiphuthumayo nezemininingwane;

- (e) uhlelo oluklama ngokusobala indawo nezimpawu zamasango ezethameli ejikelezayo akhiwe ngaphakathi emagcekeni adingekayo enkundleni yezemidlalo lapho kufanele kubanjwe khona umcimbi onobungozi kakhulu noma umcimbi onobungozi;
- (f) enkundleni yezemidlalo nasemagcekeni ayo lapho kufanele kubanjwe umcimbi onobungozi kakhulu noma umcimbi onobungozi, kube nohlelo olunzulu lokusingatha isiminyamina nohlelo lomthelela, okungenani okufanele luhlinzekele —
 - (i) indawo eyanele yokupaka izethameli ngokubheka inani lezethameli ezilindelekile emcimbini;
 - (ii) izindawo zokupaka ezanele zabantu abakhubazekile;
 - (iii) indawo eyanele yokupaka izimoto zesimo esiphuthumayo;
 - (iv) indawo yokungena izimoto zesimo esiphuthumayo ezanele nemizila yokuphuma enkundleni yezemidlalo;
 - (v) indawo yezimoto zesimo esiphuthumayo noma indawo yesikhashana yezimoto zesimo esiphuthumayo; kanye
 - (vi) nomgwaqo oyindilinga ezungeze inkundla yezemidlalo wokwehlisa izethameli nezindawo zokungena izimoto zesimo esiphuthumayo;
- (g) ezindaweni lapho kufanele kufakwe izindawo zokuhlala izethameli enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela, kube nohlelo lokuhlala izethameli olufaka —
 - (i) ububanzi bezihlalo ezingama-500 milimitha kuzethameli ngasinye;
 - (ii) isikhala ezingama-800 mililitha ukulandelana kwezihlalo;

- (iii) indawo yokunqika esihlalweni engama-300 mililitha ebheke phezulu;
- (iv) indawo yokuhamba izethameli engenazihibe engama-400 mililitha phakathi kwesihlalo esingaphambili ukuya emuva kwesihlalo ngaphambili kwaleso sihlalo;
- (v) izihlalo ezingashiswa umlilo;
- (vi) indawo yokuhlala eqinile;
- (vii) imigqa yokuhlala engadlulile -
 - (aa) izihlalo eziyi-14 emgqeni ngamunye lapho kuzoba nendawo yokuhamba izethameli ukuya kolunye uhlangothi lomugqa; noma
 - (bb) izihlalo eizngama-28 emgqeni ngamunye lapho kunendawo yokuhamba izethameli ezindaweni zombili lapho kuphela khona lowo mugqa.
- (h) enkundleni yezemidlalo nasemagcekeni ayo, lapho kuzobanjelwa khona umcimbi onobungozi kakhulu noma umcimbi onobungozi, kufakwe noma kufakwe okwesikhashana —
 - (i) ividiyo “umabonakude omkhulu” endaweni yokubuka izethameli, onezithombe, izinombolo nokuqoshiwe; kanye
 - (ii) ibhodi eliveza amagoli elibonwa izethameli zonke ezisenkundleni yezemidlalo

okungafakwa ohlelweni olulodwa;

- (i) aqikelele ukuthi, enkundleni yezemidlalo nasemagcekeni ayo lapho kuzobanjwa khona umcimbi onobungozi noma umcimbi onobungozi kakhulu, kube nezindawo zokupaka izethameli ezisenkundleni yezemidlalo, zibe sendaweni ephephile esemagcekeni ngaphakathi kothango locingo noma lodonga lwenkundla yezemidlalo njengoba kunqume ilungu eligunyaziwe ngokwemigomo yohlelo lokuphepha komcimbi nohlelo lwezokuvikeleka;
- (j) enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela nasemagcekeni ayo lapho kuzobanjelwa khona umcimbi onobungozi kakhulu noma umcimbi onobungozi, kufakwe indawo yokuxhumana nomphakathi noma indawo yokuxhumana nomphakathi yesikhashana noma igumbi lokuxhumana ngezipikha nezethameli —
 - (i) eliseduze ne-VOC; futhi
 - (ii) elisendaweni yokubukela yezethameli enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela;
- (k) enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela nasemagcekeni ayo lapho kuzobajwa khona umcimbi onobungozi noma umcimbi onobungozi kakhulu, kufakwe izipikha zokuxhumana nomphakathi noma izipikha zokuxhumana nomphakathi zesikhashana noma zokuxhumana nomphakathi enkundleni yezemidlalo nasemagcekeni ayo noma enkundleni yokudlalela, uma zisetshenziswa, kufanele —
 - (i) zizwakale;
 - (ii) ngokucacile; futhi
 - (iii) zibe nokuqondwa,

ukudlula amazing omsindo asenkundleni yezemidlalo nasemagcekeni ayo noma enkundleni yokudlalela, ngesikhathi kunomcimbi;

- (l) enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela nasemagcekeni ayo lapho kuzobanjelwa khona umcimbi onobungozi noma umcimbi onobungozi kakhulu, ukwengeza izimfanelo ezisendimeni (g) ngaphezulu, kube nohlelo lokuhlala izethameli —
 - (i) oluzoqikelela ukuthi izethameli ezihleli azisithwa lutho olusenkundleni yokudlala noma endaweni okuqhutshwa kuyona okuthile; futhi
 - (ii) kube nombandela wokuba izethameli zihlale ezindaweni zokuhlala noma ezindaweni zokuhlala zesikhashana kuphela;
- (m) enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela nasemagcekeni ayo lapho kuzobanjelwa khona umcimbi onobungozi noma umcimbi onobungozi kakhulu, kube nothango oluphephile oluvulekayo uma kunesimo esiphuthumayo, olukwazi ukuhlukanisa izethameli ezingaphambili noma enndaweni engaphambili, futhi lapho lungexho khona uthango, endaweni yokudlalela, esitezi noma ngaphambili;
- (n) enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela lapho kuzobanjelwa khona umcimbi onobungozi noma umcimbi onobungozi kakhulu, kube nezinsiza zabezindaba noma izinsiza zabenzindaba zesikhashana zime ngokwazo zingabe endaweni ejwayelekile yokubuka izethameli;
- (o) enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela lapho kuzobanjelwa khona umcimbi onobungozi noma umcimbi onobungozi kakhulu, kube nendawo yokusakaza engaphandle noma kube nendawo yokusakaza kwesikhashana engaphandle;
- (p) enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela lapho kuzobanjelwa khona umcimbi onobungozi noma umcimbi onobungozi kakhulu, kube nohlelo lwezimfanelo zokuphepha nokuvikeleka, kubandakanya amagumbi angasese, izindawo ezanele zokuhlala futhi zokubukela ama-

VVIP nemizila yokuhamba ama-VVIP njengoMongameli, iPhini likaMongameli, oNgqongqoshe beKhabhinethi noNdunankulu namanye ama-VVIP avakashile akulelo zinga abuye ngaphandle;

(q) inkundla yezemidlalo noma inkundla yokudlalela okufanele ibe semagcekeni enkulu ngokwanele —

(i) ukuzulazula kwezethameli nezindawo zokwenziwayo;;

(ii) indawo yokusebenza abesosizo oluphuthumayo nezimoto eziphakela ngosizo;

(iii) izindawo zokupaka ezanele zabantu bonke, kubandakanya nezethameli;

(iv) ukutheleka kwezithameli zonke ezifikayo enkundleni yezemidlalo;

(v) ukufinyelela kalula ezintweni ezithutha umphakathi;

(r) ukulandela umthetho wokuvikela imvelo nombandela ofanele mayelana—

(i) nokonga amanzi nokuwasebenzisa kabusha;

(ii) ukufakelwa kwengqalasizinda evikela untwentwesi oluvikela isibhakabhaka namazinga omoya;

(iii) uhlelo olubhekele imvelo nohlelo lokusingathwa kokungcola; kanye

(iv) negxathu lokomga amandla, olwakhelwe ukukhuthaza ukusetshenziswa kukagesi ngokonga;

(s) enkundleni yezemidlalo, kube nemizila yokuzungeza izindawo ezimi izethameli, ezihambisana nezindawo zokungena nemizila yokuphuma;

- (t) enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela, kube nezikhala ezingaphezulu kwamakhanda lapho izethameli zikwazi ukufinyelele khona zibe ngamamitha ama-2.1 ubude; futhi
- (u) enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela, kuba nalezi zimfanele ezimi ngomumo ezihambisana nezitebhiso:
 - (i) izitebhisi kufanele zibe banzi ngama-1200mm;
 - (ii) ukunyuka kwezitebhisi, izitebhisi ngasinye, siphakame ngama-150mm noma ngenye indlela engagunyazwa, ngokubhalwe phansi umkhandlu wendawo; futhi
 - (iii) izindawo zokubambelela zomkhandlu wendawo ezigunyaziwe zakhiwe ziqine ziphakame ngama-1000mm kufanele zifakwe ezitebhisini zonke.

(4) Ngaphambi kokuba kuqalwe kwakhiwe inkundla yezemidlalo noma inkundla yokudlalela entsha, konke okuhambisana nesakhiwo senkundla yezemidlalo noma senkundla yokudlalela kufanele kugunyazwe futhi kuqinisekисwe iminyango yezokuphepha neyokwakha yomkhandlu wendawo.

(5) Isitifiketi senkundla yezemidlalo entsha noma senkundla yokudlalela kufanele sikhishwe sibhalwe ngendlela evezwe isiJobelelo sesi-4.

